

Kumiswe omunye umphathi oyinhloko emsebenzini

PRETORIA, ngoLwesithathu, 21 kuNcwaba 2019 - UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lumise omunye umphathi oyinhloko uNksz. Mmamathe Makheke-Mokhuane ngenkathi kusalindwe kuphothulwe inqubo yokuqondiswa kwezigwegwe mayelana nezinsolo zokungaziphathi kahle. Lokhu kwenza ukuthi abaphathi abamisiwe emsebenzini babe bahlanu.

Labo baPhathi yilaba:

- Mnu. Hlangani Mathebula, uMphathi Oyinhloko: Governance, International Relations, Strategy and Communications
- Mnu. Teboho Mokoena, uMphathi Oyinhloko: Human Capital & Development
- Mnu. Luther Lebelo, Group Executive: Employee Relations
- Nksz. Refiloe Mokoena, uMphathi Oyinhloko: Legal Counsel
- Nksz. Mmamathe Makhekhe-Mokhuane, uMphathi Oyinhloko: Digital Information Services and Technology

Lokhu kuyingxenywe yenqubo eqhubekayo yokubukezwa kwabo bonke ubuholi bakwa-SARS okwenziwa nguKhomishana ngokokubusa okuhle, nangenxa yombiko ovela kuKhomishana yoPhenyo ephenya ngokuSingathwa kweNtela nokuPhatha kwa-SARS, umbiko owaziwa nge-“Nugent Report”.

Ukumiswa kukaNksz. Makhekhe-Mokhuane ngenhloso yokuqapha kuqala kusukela manje. Kumele sikugcizelele ukuthi lokhu kumiswa kwenzelwa ukuqapha akusho ukuthi sekuyisinqumo sokuthile okungalungile abakwenzile laba baphathi abathintekayo. Isinqumo ngalokhu sizophuma uma sekuphothulwe le nqubo. Abakwa-SARS bacela ukuthi kuhlonishwe abantu abathintekayo kuphinde kuhlonishwe nobumfihlo phakathi komqashi nomqashwa. Abakwa-SARS angeke baphinde baphawule ngalolu daba kuze kube ukuthi luyaphothulwa.